

Custom of the Zulu.

8

Ser 278

1/3/48

I.Ngobese.

1

1b

Ukuhlonipha kwa6antu namaSiko Asikelene nako.

Ukuhlonipha into ekhona ezinhletsheni zonke za6antu ezizweni ngezizwe. Ukuhlonipha phela ukutho6ela omkhulu. Kodwa noma ku khona kuzozonke izizwe, yileso siziwe sihloniphana ngokwahlkile kwesinye nje ngo mkh~~u~~6a waso. Minake ngizoxoxa ngoku hlonipha kwezizwe ezinsundu zalapha eNingizimu yase Africa okuthiwa a6antu, ikakhulu ngiqembula amazulu, okuyiwona ngiwazi kangcono kunezinye, futhi ngiyethemba ukuthi imikhuba yawo kayahlukile kakhulu kweyezinhlanga ezinye.

2

Umfundi akayikumangala uma e6ora ukuthi ngiyachezuka kancane enda6eni yokuhlonipha, ngo6a akuhambi kodwa kuhamba ngemikhuba yakho nyeng6a kubekiwe eSihlokweni phezulu. Kusukela komncane osenomnqondo ahloniphe a6adala kunaye. Ngako ke siya6ona ukuthi into yokuqala e6ona kalayo ngokuhlonipha kuphakathi kemncane nomkhulu kumbe omdala. Ingane iqala ngokuhlonipha a6azali 6ayo idlule lapho ihloniphe a6anye a6adala nganga6azali 6akhe ngisho kunges16o a6asekhaya. Kwedlule lapho ngine ihloniphe a6afowa6o nodadewa6o a6akala kunayo. Kanye nala6o 6asekaya nangaphandle, a6alingana na6anewako ngo kudala.

Uma ngi6iziwa u6a6a ngisa6ela ngithi 6aba, "Ba6a", ngithathelle ngiye kuye ngeju6ane. Ngizwe konke akushoyo ngikwenze, ngujeke owami umse6enzi. Lapho engithethisa ngithule ngingamuphendu li noma engithethisela into engingay16oni. Nalapho engihaya naku6a nami sengimdala ngizo6aleka noma ngi vike, kodwa ukuphundesela qha! Ake ngithi niyaxa6ana nodwa na6afoweni ekhaya, uyathethisana nifuna ukulwa uzothi' angafika uyihlo qede athi, "Thulani umsindo"! Nithule nithi du nonke uma niqhube ka ni6anga mx umsindo nileqa negama likayihlo, kanti seni6adala senincuqondo nizohlawuliswa ngomthetho wasekhaya ngo6a senidelele. Nihlawule ngempahla yenu - imbuzi eyayiwame uku6a inhlawulo. Ihlatshwe idliwe a6antu 6onke ekhaya khona ko6a is16onelo nakwa6a ncane. Lapho uthunywa ngomunye nyena

RM/

3 omdala ongesiye wakini, uhamba wenze leyo nto njengongathi uthunywe nyetho noma umneweni ngenpela. Noma umfana eshayé inyoní noma eyi6am6e ngesife akazidleli kodwa nyinika uyise. Nalapho esekhulile eseséenza ehola imali akayise6enzisi njengokuthanda kwakhe kodwa uyithumela kugise yonke uyenake uyise oyoze om6onedele athi, "Qha ke mntanami. Ngenyanga ethile nngake uxifunele okusweleyo. Loku kuqhu6eka njalo unifana aze aganwe a6e yindoda Kungako ke uya nwae indoda iqhosha ngokuthi, "Ngidla izinyoni zabanta6ami"! Akwa zisa a6azali kuyinhlonipho enkulu kithi.

4 Ekhaya kwakhwe umumnumzane womuzi kuphela omkhulu, ukudla kwakhu kuphela okusitshekkelwayo. Mnca6a wakhe wamasi nsitshekkelwa ngempenge namasi akhe futhi utshwala 6akhe nombila makhasi ungaqhakanjisa nje. Okomunye nje umuntu ekhaya ngisho omdala kodwa kungeyena umnumzane kungesitshekkelwe ngo6a loko kuthiwa ukwedeleta uqonela omkhulu u6anga isikhundla sakhe. Uma kucelwa intombazane ekhaya a6akhengi 6aya endlini yomunumzane noma intom6azane kingesiyo ezalwa nye ngempela kodwa kungeya6afowa6o a6ayi kuyise wentombazane. Izwi futhi noma ngelokuthini liphuma kuye munumgane ngemuva koku6a se6evumelene na6afowa6o kodwa. Kunjalo nomfana uma efuna ukuganwa ekhaya ku6ikelwa umunumzane womuzi kuqala. Izingumo ziphuma ngaye zonke.

Awu6ethwa umlozi endlini futhi akumuva kuthiwe ngewi ngo6a loko ukudeleta a6ahlezzi endlini kunges16o a6ahle zi endlini kuphela futhi nga6e usudelele namadlozi. Uma kweqiwa lomthetho kusuke kugule umuntu ekhaya ka6i kuze kuyobulwa ezanuseni kufumaniseke ukuthi kungenxa yokwedeleta a6aphansi kwa6anye 6omuzi ngakoke a6aphansi se6ethukutheli. Aze ahlawulweke amadlozi ngokuhla tshelwa inkomo kade uku6a ku6engcong ukufa.

5 AGantwana kumbe isingane kaziqwakeli eziggikini zawayise a6ayiphathi nakuyiphatha nje futhi impahla esetshenziswa oyise.

Kuqala futhi a6ancane 6a6engeke 6aqhwakele eziggikini za6o 6ehlezzi no ise endlini. A6adala kambe a6a6angaze 6aqhwakele, kodwa na6o 6angaqhawakeli esiggikuni esiphakeme kuneza6anumzane. Ba6ethi uya delela lomfana uyaziqonela. Ngisho kufika omunye umuntu wangaphandle uma engumfana engaphansi kwa6ahlezziyo lapho

nkehlala phansi 6anganaki ukuthi mhlawumbe 6angamsukela esihlalweni kuhlale yena ngoba naku owangaphandle njengoba a6empuncuko 6amanye sebenza njalo.

Uma ufika komunye umuzi uface amadoda ehlezi ephuza utshwala ungena qede uzifunise indawo ngisho uyigona ikhona ngasemunyango uze wenyukele ngasenhla ngasemsamo uhlale ngezansi komncane kunawe. Awulokothi nje mpela uhlale ngaseimunyango! Indawo yamakhehla leyo! Uma uke walokotha wahlala ukezwa amakhehla esekuhokoma nje ekughusa ethi. "Uphumaphike yena lo owdedelayo". Uthi usuya emsamo u6usunyobozela lapho usuhlezike uthule uthi du 6aze 6akubingelele bonke kuqala 6aku6uze lapho uphuma khona kadu6a nawe ukulumeke lokho ohamba ngakho noma othunywe kona.

6 Uma omdala eku6iza eku6izela utshwala uhlale ngezinge uzinze uthi dekle. Uphuzeke akukhathalekile ukuthi uvunule kanyani. Waqo shamausuzikholisile, usuthethi chama usuzikholisile, usuthethi-swa njalo kuthiwa "nqoshamela ukudla kwami"! Kokunye usuzonele njalo uku6a 6angaphindi 6akuphuzise. Lapho kudliwayo omncane angeze a6ashiyela a6adala ngisho yena esesuthi futhi angexube ngaphambi kwa6adala. Ukweqa lomthetho ukwedeleta a6adala.

7 Uma kudliwa myana kuhlalwa ndawonye endlini. Ekuhlambeni izomda a6adala kuqala kungcine a6ancane ngokuzalwa. Lapho sekudliwa ngomncane oqobayo kuthi engake kukhona ithambo aliyyekele uku6a licatshwe omdala. Uma emaningi a6athambo ithu6a ithu6a linikezwa omdala kuqala uku6a azithathele alithandayo kade uku6a a6ancane 6athathe awa6o kunyallo nase mhluzini omdala kuqala ophungazo kulad ele njalo ngokwe dlulana lwa6o. Uma seniqedile mna eni6ancane nizodlala nje nilindele a6adala uku6a esa-qede kade uku6a nessule izandla. Azigezwa izandla uma kade kudliwa inyama.

Nalapho kudliwa amasi kuvu6a omncane. Uma uphuwa nkudla ngumuntu omdala kunawe nkwmukela ngezandla zombili u6onge noma usuthi. Inga6e n usuthi ukunike ingane. Ukwedeleta ukwala ukudla ukuphiwa ngomdala. Ange6e esakunika ngo6a wamjabisa kuqala.

8

Izingane azidli ngezinkezo kodwa zidla ngezondla ukudla ukufana namasi nobibem e 6asekenzisa izandla zombili uma 6edla. Bayakha nge sandla sokudla 6athele esandleni sokunxele ngesokuncele 6ase emlonyeni.

Amasi nobisi ewakomunye umusi okungesiwo owakini owadliwa. Na6o futhi 6asemzini 6angeze 6akunika kwake kwathi ngihamba iridlela ende ngashonelwa ilanga ngafika emzini ngakulekela iSikhundla sokulala. Qha 6avuma kuthe lapho sekudliwa 6ona 6adla amasi unina 6anginika izimpothulo ngafa nje uvalo amathe osuke a6uyela kwasifu6a ng6a ngangibekile nami ukuthi 6azongipha phela thina nkulelwana yamanye sesidlanje konke.

9

Umuntu wesifazane akawadli amasi egezile futhi akangeni nasee16ayeni kuze kuphele lezozinsuku zakhe. Kuthiwa uma eqa lokhu izinkomo ziyaco6oka zizace zife. Kufana na lapho umuntu evela kungcwa6a umuntu akazida6uli izimpahla zidla zikla6ile okhalweni.. Kuthi lapho kuvele isidumbu ekhaya izinkomo ziyashunqi selwa ngamakhu6alo athile ukuze zingafi.

Lapho uhlangana nomuntu ushaya sengathi uyedlula uthi lapho umedlulayo nje kancane ku6e yilapho umayo naye ame. Ni6ingelalantu ni6uzane nalapho njng6akhona. Una kungowesifazane ukhuluma nowesilisa eguge phansi noma e6ambelele ema dolweni ukuhlonipha njalo lokho.

10

Umuntu wesifazane akameqi umuntu wesilisa lapho eneke futhi aka weqi amayoka amaketanga nemicile yokub6o phela. Loku kuthiwa inhla nhla embi uku6a weqiwe owsifazane nyindoda kuthiwa nyowela futhi futhi kuthiwa amajoka ayolimala ephuke. Loku ku6izwa ngokuthi isithozi.

Kukhona ukuhlonipha kwa 6aganiselwana kumingi kona. Into yo kuqala eyokuthi intombi ay16a xhawuli oyisezala oninazala, a6a fowa6osoka a6adala kanye na6o 6onke a6angamazi6ulo namathunjana (a6okugcina) 6akulowomuzi.

Una intobi isilotsholwe isingomalokazana ukuhlonipha kwayo, ukwembathela oyisezala, oninozala, na6afowa6o 6omyeni a6adala. Nkwembatha kushiwo uku6a ongangcini nge zingu6o (amalokwe noma amabayi), kodwa uku6a aggoke okunye ngaphezulu njengegazi,

ishali nigu6o yokulala, ijezi nomu ihwatha kongekholwa.

Umalokazame futhi angeze a6adlela (ageze adla 6ekhona).

Oyisezala, oninazala, na6ane wako kensizwa uma u6edla kwase
 11 kuqhamuka omunye wa6o uyakuyeka ukudla aluthi ntshi laphaya ukhezo
 enga6e u6e dla ngokhexo. Angahlafuni nokudla obesekumulonyeni
 6aze 6ahambe. U6ahlionipha njalo enga6adleli aze achanguze nalapho
 esechanguzile 6aze (oyisezala noninazala na6ane wa6o) 6amnike
 into ethize njengemali, usheleni nomu imbuzi kwa6azi khulu
 6enyu6a uku6a se6enga dlelanake manje. Na6o futhi nga phambi
 kwalokhu a6amudleli umalokazana.

Nomkhwenyana aka6adleli a6akhwekazi 6akhe 6aze 6amunike
 imbuzi uku6a 6adlelanake. A6akhwekazi ikakhulu 6esifazane
 6ahlioniphisa okukamalokazana (Umntana6o) Bonake 6ahlionipha
 mukhwenyana na6afow6o nje kuphela. A6a6adleli a6azise6ensi
 izimpahla ezi6izwa rge gama la6o njengcoansi, isiggiki ingu6o,
 12 isitsha sokudlela nokunye. Konke loku uma kunge phulwa nomu
 imuphi wala6a uhlawula ngembuzi. Na6o 6aze 6akhululeke lapho
 umkhwenyane eseze wa6anika into e6hile. Umalokazana akakudli konke
 ukudla, kwasemuzini (lapho aganelo khona) okunye uyakuzila.
 Kungathi ukumunandi kodwa okuzilwayo njengo 6isi, amasi, ninyama
 namaqanda akaze engakudla uyakuzila konke lokho. Namhlanyena
 kula6o 6okuqala na6asagcina lomuthetho uma 66ona umakoti ephuza
 itiye lithelwe u6isi edla nenyama ku6ukeka kunge6untu loko
 6aku6uka 6aku6one kulihlazo elikhulu kakhulu nipela.

Kuthi lapho intombi iyogcagca a6aku6o 6ayiphatheli inyama
 umakoti ayofike adle yona lenaphambile lapho a6anye 6edla le
 13 eya semuzini a6ahlatshiswe yona. Kuze kuthi ngenwa kwamasonto
 athize (nomu ema6ili) umakoti echanguzile ku6e ikhathi umlo6ozazi
 eni kwayo mijama uku6a asenga yidla manye.

Unikwa ngohlo6o olunyena uninazala uthatha idaka nomu6ese
 aku6eke oggokweni akumukise akuse kumakoti afike athi, "Nansi
 uiyama iq6e"! A6esethatha umesekwa umlo6ozazi a6ambe idaka ali-
 nganise sengathi uyaqo6a uiyama ku6e kuphelake. Sekuzothike
 ngenwa kwaloko kuhlatshwe imbuzi nomu kuyimwu nomakoti usezoyidla
 ke lonyama.

Kudlula isikhathi nje esiganzu umakoti echanguzile engawadli amasi izimyanga noma zintathu noma ziysisithupha kwa6anye engawadli amasi. Wonake uwanikwa kanje: Uyisezala umunika imbuzi athi, "Mlo6okazi nanti izinyome usungawadlake manje amasi". Usezosukake umalokaza abambe nembuzi ayiqhu6e aye ku6o. Afike ashо ukuthi uyise usemnike igula. A6aku6oke 6azomunika imbuzi yoku6onga, ukhamba lwamasi, kanye nokhezo imbuzile usezoyiqhu6a aye nayo kowakhe (lapha egane khona). Ashiye lena ayinikwe a6asemumuzini. Lembuzi iyifa lendodana yakhe yokuqala acoyizala. Kothike ngezinsuku kuvu6hwa igula lakhe agaye umucaba abese ethulula okhambeni lwakhe avu6e qede abize ingane ayikhangeze. Kothi lapho isisuthi ingane umakoti alu6eke phansi ukhezo kuphela njalo sekuyoze kukhothe ezinye izingane. Akawadli yena ngalelolanga usoze awadla ngokuvuthwa kwegula kwesigili, useyowadla njalo amasi uma ekhona ngaphandle kwalapho egezile.

15 Amaqandake wona aseka nje nyekе nenyama loko akusho ukuthi uma esedla inyama namaqanda umengowadla uma ekhona.

Umalokazane futhi aka6a6izi oyisezala ngamagama uya 6ahlonipha uma uyisezala igama lakhe kangu nkomeni ngeke oyigize inkomo ngalelogama uzohlonipha athi inkomo inanta. Uma uyisezala kungu Phansi uzohlonipha futhi athi Phansi uzohlonipha Phansi Ginti. Kanjaloze zakwamanye amagama ngo6a ngingeze ngawaqeda onke ngiwa6ala.

16 Umalokazane futhi akayi ngasendaweni kayisezala. Noma kukhonani ngakhona efuna ukuyithatha kungcono angakiza nigane imuthatheli ngo6a yena akavunyelwe nje mpela ukunyathela kuyo. Kanjalo noma efuna ukusinda uzo6iza ingane imusindele ngakuyo ngo6a uma eke wathi. Uyanitshontsha unyathela ngakuyo ngo6a kungekho om6onayo 6ayo m6amba a6aphansi 6ase 6amufice 6onke emile khonalapho. Una lungenyaloke 6ayomu6amba uma ese6eletha.

Lamasiko umakoti nwagcina njalo aze a6eletha uma eSe6elethile wa6eletha kahle futhi kuyo 6onakala ukuthi impela wayeyigcinile imithetho yasemuzini ngo6a ingane yokuqala isuke ichaza loko. Futhike umalokazana akayishayi ingane 6emu6ona a6asemuzini.

Angathula nje aze ayishaye uma 6engekho kantike uma i6aleka iya ngasendaweni kayisezala ange6e esayishaya. Nekati futhi akalishayi. Esanda kuchanguza futhi urike emzini anikelwe ingane enhle kuthiwe lengane eyakheke azode eyithuma eyembathisa eyayi phatha ku6e sengathi izalwa uye ngempela. Noma umakoti efuna amanzi yiyo ezoyomkhelela imphuzise aze naye athole eyakhe ngempela.

Uma umuntu omudala ethi minikeze umubese umnika ngase siphathweni somumese ayi ngalapha usika ngakhona ukungahloniphi ukukhomba umuntu omudala ngomubese. Kanjalo noma umunikeza inkomishi wena uy16amba ngasesiswini inkintsho yayo uyibekesi ngakuloyo omuni kezelayo. Ukuhloniphake loko. Una ungake umunikeze umubese umukhomba ngawo ungwezwa esekuthethisa impela ethi lengane ayihloniphi a6eseku6uga nokuthi ungowaphi wena.

Kuqala futhi izingane zazingavunyelwe uku6a khona phakathi kwa6antu a6adala umagexixoxela loku zwakuyinto enkulu kakhulu zizezikhule impela nazo ikakhulu uma izinsizwa zixixoxela izinda6a zazozothando a6afana a6ancane 6a6ekhishwa 6axoshwe kuleyondlu. Kanjalo futhi nasemantombazaneni. Ngesikhathi sokudla izingane zi6enokwazo ukudla kudana nokwa6adala, kakhulu kokoyise (umumuzane) yena onjengenkosi yamanqo yenake uxidlela yedwa kumile eceleni onkosikazi yakhe ilindele. Ingane uma iphiwa ukudla ikwamukela ngezandla zombili esho ngokuhlonipha ethi "Ngobese" uma loko kuyisi6ongo somkhulu loyo amunike ya ukudla. Loko kuchaza uku6onga.

Kwaku6ukela ka6i impela uku6a ingane isuke izicedele ukudla kumuntu omudala a6azali 6alengane 6ajabe nokujaba.

Izintombi nezinsizwa 6a6engadli na6azali. Kodwa ngezinsuku lapho kukhonainyama amantombazane ayevama ukudla nonina a6afanake 6ona 6adlo noyise, a6afana a6ase 6ancaneke 6ona 6ahlale 6odwa 6enze indilinga (semi-circle) 6ese 6enikwake eya6o6odwa niyama. Ukudla ngokuhlonipha kwakuwukathi

19 othathe kuqala niyama alumé kahle a6ese edlulisela niyama koseceleni kwakhe idlulisiveke njalo niyama ize i6aqede 6onke a6afana a6adlayo ize ipheleke yonke inyama.

Amantombazane angashadile noma eseshadile ayengakhulumi noma ahleke kakhlulu uma ekhulumpha handle koku6a kuzihlo6o zakhe ngempela. Inkosikazi yona elungileyo yayingakhulumi neze namanye amadoda ngaphandle kwendoda yayo. Una eke wa6onwa nje emi nayo uyise wayo usezoyithatha ayise emuziri uku6a iyoxolisa. Kodwa enda6eni yokungaziphathi kahle kwenkosikazi uyise wayehla wuliswa ngempela ngenkomo enkulu kwazise ukuthi indodakazi yakhe akayifundisanga kahle. Kwakuja6ulisa impela ukwazi ukuthi intombazane esishadile yayiyigcina yonke imithetho yayo yo6umakoti. Izinsizwa nezintombi zazingahlali lapho kuphuziwa khona utshwala na6ekunye ukuhlangana kwa6ancane. Kuqala ku-sesendulo Izinsizwa nezintombi nabanye a6asakhulayo 6abengabuphuzi kakhlulu utshwala ngoba loko kwakuyisi khu6ekiso uku6a intombi noma insizwa isidakiwe.

Ukukhu6ekisa kwakungavunyelwe neze kuqala wayehlawulisa impela umuntu okhu6ekisile, kanje, uma intombi imithele ekhaya yayingasavunyelwe ukuhamba noma ukuxoxa nezinye izintombi. Kanjaloke noma sokuwusuku lwakhe lokucanguza izintombi zazingayi ukuyo6uka nenyama yakhona zingayidli. Kungako6e amazulu kuqala ayeqinile ayi okwanamuhla, osuke ubone nje kushadwa kugidwa impela kujatshulwe kanti umuntu akasaphelele. Okwanamuhla futhi sekudabukisa ngoba usuke u6a 6one 6efake i"Veil" uzuthembe kanti sebenza njana uku6a kwakungu muthetho ukufaka iVeil kuqala kwakukuhle ngoba wayethi umuntu uma efake iVeil engafanele ida6uke ikhonibise ukuthi akasaphelele.